



INGEDE

September 2022
Volume 25
Number 3



IZIKHUKHULA:-

Amasimu kanye nenqalasizinda azange kuphunyuke ezikhukhuleni **(ikhasi 3-4)**.

OKUQKETHWE



UKUHLAZIYWA KWAMASAMPULA:-

u-FAS uhlangebeza abalimi ngokubahlinzeka ngezinhlelo zokuthumela amasampula esiKhungweni soCwaningo ngoMoba **(ikhasi 7-8)**.



AMATHUBA OKUTHOLA ISIPILIYONI

NGOMSEBENZI:-

iMboni kaShukela izibophezele ekuqinisekiseni ukuthuthuka kwentsha **(ikhasi 9-10)**.



IMIFUNDAZE:-

Zibeke ethubeni lokuthola umfundaze weMboni kaShukela ngokuthumela isicelo sakho **(ikhasi 11)**.



Umyalezo wabalimi:

Asenzeni izinto ngendlela kusanesikhathi

Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umpathi wabeluleki bama-SSG kanye nama-LRG)

Sesivala unyaka ngiyathemba besisebenza ngokuzinikela sibambisene nalabo esisizana nabo kwibhizinisi lethu lomoba. Angiqale ngokubonga ngokusamukela singabeluleki, ukusebenza kwethu sibambisene ikona okuzokwenza inqubekela phambili nokuphumelela kweMboni kaShukela. Kulezi nyanga ezine ezizayo bengisacela siqaphelele siqikele lokhu okulandelayo:-



MANDULO / SEPTEMBER

Inyanga kaMandulo ibalulekile kakhulu balimi, lesi yisikhathi sokuthwasa kwehlobo lapho kwenzeka khona zonke izinto. Okubalulekile ukuthi njengoba sisemkhakheni

wezolimo kusemqoka ukuthi konke esikwenza emasimini sikwenza ngesikhathi esifanele ngoba uma singakwazanga ukuhambisana nesikhathi lokho kusho ukuthi usuke usulahlekelwe. Nazi ezinye zezinto esisuke sifuna ukuthi zingasilahlekelile:

- Imvula etholakalayo.
- Ukushisa kwelanga.
- Nesikhathi sokubalela kwelanga.
- Qala ukufaka isikhuthaza-khaba emasimini asehlaliwe ulandele izincomo zakwa-FAS eziphuma emva kokuhlololwa umhlabathi.
- Faka izibulala-khula ezinqanda ukhula isikhathi eside (sebenzisa izibulala-khula ezihambisana nohlobo lokhula onalo, faka njengoba kusho izincomo kwi lebulala, yazi ubumba onalo lungakanani ngoba isibulala-khula sifakwa ngokuhambisana nobumba olusensimini, amanzi owasebenzisayo makube ngahlanzekile, isifutho masikalwe ukuthi

sikhipha amanzi angakanani ukuze umuthi ufakwe ngokwamanzi akhishwa yisifutho, sebenzisa inozela yokhula, ngemva kokufutha hlanza isigubhu sakho sokufutha).

- Qala ukutshala kwakho kwaseNtwasahlobo (sebenzisa imbewu enconywe yiThimba leZifo neziNambuzane nokuSatshalaliswa kweziNhlobo zomoba, thola ulwazi kumeluleki ngohlobo lomoba olungele indawo yakho, qinisekisa ukuthi ngenkathi utshala umoba wakho uyawunqamula uwenze izitokwe, ngaphambi kokutshala faka umanyolo ngokwezincomo zomhlabathi, uma uqeda nje ukutshala futha ngezibulala-khula ukuze uvimbele imbewu yokhula ingamili).
- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwisifo isiWumba (SMUT) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile (sebenzisa izikhwehle ukufaka lowomoba onesiwumba uwukhiphele ngaphandle kwensimu).





MFUMFU / OCTOBER

Kulokhu okuchazwa la ngezansi sicela uqinisekise ukuthi uyasebenzisana nomeluleki wakho wezolimo ukuze uthole ulwazi olugcwele nanokwelulekwa kahle

ukuze kugwenywe amaphutha. Ukwenza umsebenzi ngendlela eyiyo kusho ukuthola inzuzo eningi.

- Futha ngophoyizeni umoba omdala kulawo masimu azotshalwa ngohlelo lokutshala ungalimanga (minimum till). Bheka inani elidingekayo lomuthi kanye nokuthi umoba noma utshani odinga ukububulala bungakanani.
- Hlola amasimu abefakwe izibulala-khula ngenyanga edlule ukuthi ukhula lufa kahle yini, uma kukhona indawo eyayingafuthekanga kahle phinda uyifuthe wenzele ukuthi ungabi nenkinga yokhula uma usutshalile.

- Qala ukutshala kwakho kwasehlobo ngokugcwele. Ukulungiswa komhlabathi makube sezingeni elamukelekile, faka umanyolo ngokwezincimo zomhlabathi, imbewu makube ngenconywe yiThimba leZifo neziNambuzane nokuSatshalaliswa kweziNhlobo zoMoba (LPD&VCC). Ngemva kokutshala futha ngezibulala-khula.
- Landelisa ngokufutha ukhetha amabala anokhula.
- Qhubeka nokuhlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwisifo isiWumba (SMUT) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.
- Faka isikhuthaza-khaba kumasimu aselungele ukuthi sifakwe, ulandele izincimo zakwa-FAS.



LWEZI / NOVEMBER

Ngokwesifiso sabeluleki, sifisa ukuthi ngabe wonke umlimi usuke esetshalile ngoLwezi noma kube yinyanga aqedela ngayo wonke umsebenzi wokutshala. Isizathu senzela ukuthi izimvula zasehlobo

zikhawazi ukuthi zingalahleki kanye nokushisa kwelanga ukuze umoba ukhule kahle.

- Futha ngophoyizeni umoba omdala kulawomasimu azotshalwa ngohlelo lokutshala ungalimanga kakhulu.
- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwizifo isiWumba (SMUT) kanye noMabalabala (MOSAIC) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.
- Ezindaweni ezinenkinga yesifo uMabalabala, ungalokothi utshale kusukela ekuqaleni kuka Lwezi (November) kuya ekuqaleni kuka Nhlolanja (February).
- Gunda/sika amabhande nonqenqema.



ZIBANDLELA / DECEMBER

Inyanga kaZibandlela ivamise ukushisa kakhulu kanti nemvula ibuye ingabi yinhle kahle yingakho siye sithi kulenyanga kumele ngabe usuqedile ukutshala. Sonke siyazi ukuthi

uZibandlela uba inyanga embi esitshalweni sethu ngoba ukhula luba luningi, kuyashisa nezisebenzi zisuke sezisemaholidini yingakho sithi ngalesisikhathi kumele sibe sesizwenze wonke umsebenzi.

- Bheka ukhula olungafanga noma oluqubuke kamuva emasimini bese ulwa nalo kanjalo nalolo oluyinkinga.

- Hlola ukuthi umoba omdala obufuthiwe usha noma ufa wonke ngaphambi kokuthi abasebenzi baye emaholidini kancibijane.
- Phothula ukutshala kwakho maphakathi nenyanga (ungakapheli uZibandlela) uma ulibazisekile.
- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwizifo isiWumba (SMUT) noMabalabala (MOSAIC) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.



Umphumela wezikhukhula emasimini omoba KwaZulu Natali

Ibhalwe: nguTulani Velem (Umelekeleli wabeluleki kanye nabaqikelela ukuvikeleka komoba)

IMboni kaShukela ibhekene nenhlekelele edalwe izikhukhula, lezikhukhula zicekele phansi amasimu omoba kanye nenqalazizinda okubalwa kuyo imigwaqo namabhuloho aguguleka. Izakhiwo zagcwala amanzi, kwalahleka izitshalo kwaze kwaguguleka imigwaqo. Lomonakalo waba nomthelela omkhulu ekubambezelekeni komoba ukuthi ufinyelele esigayweni. Konke lokhu kufakele abalimi incindezi, bebuka umoba wabo ucwila emanzini kungekho abangakwenza ngoba bekungangeneki emasimini. Lezikhukhula azithintanga nje abalimi kuphela kodwa nezigayo nazo zithikamezekile ngoba ezinye kwafuneka ukuthi zivalwe ngenxa yokuthikamezeka kogesi nokugcwala kwamanzi.



Inselelo abalimi ababhekene nayo iwumphumela wokuguquguquka kwesimo sezulu. Ukuze umkhiaqizo ukungenisele imali, kuhle ukuthi umlimi aqondanise imisebenzi ayenza emasimini nesimosezulu, nomhlabathi kanye namanzi asepulazini lakhe. Lokhu kubandakanya ukwenza izinto ngendlela enenqubekela phambili okubalwa kuko:

1. Ukugcina amasimu embozekile

Uma umhlabathi wembozwe ngamathophisi omoba kuncipha ukuguguleka komhlabathi ngokunciphisa isivinini samanzi ensimini. Izikhukhula zingagugula umhlabathi kanye nemisoco ensimini isitshalo sisale sikhahlamezekile. Ukumbozwa kwenhlabathi kwenza ukuthi amanzi angene ashone phansi enhlabathini ngoba asuke engahambi ngesivinini.




Ukuguguleka komhlabathi ensimini engamboziwe



Insimu evikelekile ngokumbozwa ngamathophisi omoba (ngetashi)

2. Ukulima kancane nokutshala ngezikhathi ezingafani

Ukunyakazisa umhlabathi kancane nokungalimi yonke indawo ngesikhathi esisodwa kunciphisa ukuguguleka okwenziwa amathonsi emvula phezu komhlabathi. Abalimi kumele bawasebenzise kahle amanzi emvula noma abachelela ngawo bagweme ukulahleka kwawo nomhlabathi ukuze kuthuthuke isivuno sabo. Lokhu kungenziwa ngokugcina amasimu embhoziwe (ngezitshalo noma ngamathophisi) kanye nokulima kancane ukuze kugcineke amanzi emhlabathini. Ukulima kancane kwehlisa isivinini sokuhamba kwamanzi nokuguguleka. Lokhu futhi kukhuthaza ukumomeka/ukugcineka kwamanzi emhlabathini. Uma uzolima ngalendlela kumele kubesemqodweni ukuthi lowo mhlabathi uguguleka kangakanani, insimu yehlela/itsheke kangakanani kanye nokuthi lowo mhlabathi unobumba olungakanani.



Ukulima ngokuncane nokuhlela inqalazizinda yepulazi kwehlisa umonakalo odalwa izikhukhula



3. Ukugcina amapayipi amanzi esesimeni

Imvamisa amanzi agelezela emapayipini nasemigodini abanemfucuzwa nezinye izinto. Lemfucuzwa ingavala umlomo wamapayipi amanzi angabe esangena kahle. Ngakhoke, abalimi kumele bawakhuculule lamapayipi, ukuze amanzi angagcini esengena emasimini enze umonakalo.



Amapayipi avuleleke kahle ukuze athuthe amanzi

4. Ibanga elimaphakathi kwamasimu omoba kanye nemigwaqo yesifunda

Abalimi kumele babheke ibanga elimaphakathi kwemigwaqo yesifunda namasimu omoba. Imigwaqo yesifunda ivamise ukuchithela amanzi emaceleni uma amapayipi athwala amanzi engekho. Amasimu aseduze kwemigwaqo enjalo asengcupheni yokugcwala amanzi kumoshakale umoba. Umlimi angaxhumana nomeluleki ukuze badingide udaba lokuqhela kwamasimu ngasemigwaqeni.



Umonakalo owenziwe izikhukhula emigaqweni yasemapulazini

5. Ukuxhumanisa ulwazi ngomhlabathi nezinhlobo zomoba

Umlimi kumele alwazi uhlobo lomhlabathi osepulazini lakhe, lokhu kuzosiza ekukhetheni uhlobo lomoba azolutshala. Umhlabathi ojulile uvumela ukukhula kahle kwezimpande okwenza umoba uzimelele kahle, awuwi kalula uma kunezikhukhula. Ukuphatha umoba olele phansi akulula ngakho kumele sikugweme ngayo yonke indlela. Ngenxa yokuguquguquka kwesimo sezulu okungalindelekile, umlimi kumele aqikelele ukuthi izinto azenzayo zihlakaniphela isimo sezulu. Ukwenza izinto ezihlakaniphela isimo sezulu kungasiza umlimi ekulawuleni amanzi amaningi agelezayo esuka emasimini eya amigudwini elungele ukuthwala amanzi. Ukusebenzisa amapayipi amanzi kungasiza ekunciphiseni kanye nasekususeni amanzi emasimini omoba. Kululekwa ukuthi abalimi bomoba babe nezakhiwo ezithutha amanzi ezinjengama khontolo ukwehlisa ingcindezi yamanzi ageleza emasimini omoba. Okunye okungasiza umlimi ukuphakamisa indawo azotshala kuyo ngomhlabathi, ukwakha amachibi noma amadamu amatshe ukuze kuvunwe amanzi emasimini.

Umlimi angathinta umeluleki oseduze naye ukuze babonisane ngezinto umlimi angazenza epulazini lakhe ukubhekana nokuguquguquka kwesimo sezulu.



BIOSSECURITY ALERT

uMbulalazwe

Parthenium weed (*Parthenium hysterophorus*)

Amagama avamile alolukhula: uDalindlala, i-Parthenium, i-Famine, noma i-Demoina

Imvelaphi: uMbulalazwe ukhula olunobuthi oludabuka e-Central nase South America. Selubhehethেকে nakwamanye amazwe okubalwa kuwo i-Australia, eSwazini kanye naseNingizimu Afrika. Ngonyaka wezi-1984 laqoshwa njengokhula oluvelele eNingizimu Afrika osekwenze ukukhathazeka okukhulu ngoba lubhehetheka ngokushesha. UMbulalazwe ukleliswe ngaphansi kwesigaba sokuqala ezinhlotsheni zokhula eNingizimu Afrika, ngakho akuvumelekile ukuthi lutshalwe nomalusatshalaliswe, futhi ukuhwebelana ngezinhlamvu, izincezu noma okunye okutshalwayo akuvumelekile.

Izimpawu: uMbulalazwe ukhula olukhula unyaka wonke olubonakala ngamaqabunga ahlazana anoboya kanye nezimbali ezimhlophe. Isiqu sibanoboya, izimpande zijulile kanti isitshalo singakhula sifinyelele kumamitha angu-1.5 kuya ku-2 ngobude.





Inkinga: uMbulalazwe uyingozi kwezolimo eNingizimu Afrika ngoba ubhebetheka ngokushesha, ukhipha ubuthi obuvimba noma bucindezele ukuhluma nokukhula kwezinye izitshalo. Ngaphezu kwalokho, uthikameza izimpilo zabantu nezezilwane. Ukuthinta lolukhula njalo kubeka impilo encupheni ngoba ludala isifo sesikhumba kanye nesifo sofuba kubantu.

Isisombululo: Ukuphatha nokulawula uMbulalazwe kunzima, ukuze ukwazi ukuwulawula kancono kumele usebenzise uhlelo lokulawula oluhlanganisa ukususa usebenzisa imishini, izibulala-khula, ukushisa kanye nezitha zemvelo zingasetshenziswa. Kukhona izibulala-khula ezibhalisiwe zokulawula uMbulalazwe; kodwa kufanele kuqikelelwe ukuthi kuyalandelelwa ukufutha njalo. Ukusebenzisa izitha zemvelo zoMbulalazwe sekukhombise ukusebenza kahle kakhulu. Lokhu okulandelayo kungasetshenziswa eNingizimu Afrika ukuze kulwisane noMbulalazwe: isikhutha sokuthomba kwamaqabunga sasehlobo (*Puccinia xanthii*), isikhutha sokuthomba kwamaqabunga sasebusika (*Puccinia abrupta* var. *partheniicola*), isinambuzane ezidla isiqu (*Listronotus setosipennis*), ibhungezi elidla amaqabunga (*Zygogramma bicolorata*) kanye nesinambuzane esidla izinhlamvu (*Smicronyx lutulentus*).




Abalimi abakwizifunda ezisekudeni nase-SASRI (oPhongolo naseMpumalanga) bavamise ukubuza ukuthi kungani u-SASRI engavuli ilebhu ngakubo ukukhulula umthamo wamasampula ezolimo alethwayo azohlolwa.

Ngeshwa, izindleko zokusungula ilebhu ziphezulu kakhulu futhi zingafinyelela kwizigidi zamarandi kalula, kanti nezindleko zokusebenza nazo ziphezulu. Ukuqhuba ilebhu enjalo kuzodinga inani elikhulu kakhulu lamasampula futhi, masibheka usayizi wemakethe yamanje, angeke kube kuhle ngokwezomnotho ukusungula enye ilebhu.

Kodwa, u-FAS kudala wabona isidingo sokuthi abalimi bathole ukuhlaziyelwa isampula lezolimo okungachemi futhi okwethembekile kanye nezeluleko ezivela elebhu yakwa-SASRI etholakala eMandaskomu eduze naseThekwini. Yingakho ukuze kwesekwe abalimi abafuna ukuthumela amasampula abo kwa-FAS, kwisifunda nesifunda kunezindawo ezibekelwe ukuthi abalimi bashiye amasampula abo mese ethunyelwa mahhala eMandaskomu. Amasampula ehambisana namafomu afanele, angashiywa kulama zoni okushiya amasampula azothathwa ahanjiswa kwa-FAS abathumeli abahleliwe.

Imininingwane ngezindawo nezikhathi okungashiywa ngazo amasampula bese ethathwa iyatholakala kwikhasi lakwa-FAS (<https://www.fasagrilab.co.za/drop-off-points/>) nakwimephu ekhonjiswe la. Ikhasi liqukethe nolwazi lokuhlaziya okwenziwa u-FAS, iziqondiso ezifanele zokuthatha amasampula futhi amafomu ozowathumela nawo ayatholakala. Ungathinta umeluleki wasendaweni ukuthola izeluleko ngokuthola amabhokisi okuthatha amasampula kanye namafomu ahambisana nawo.



Luleka ngoManyolo (FAS) ela eduze nasekudeni

SASRI KOMATI RESEARCH FARM
Portion 1 of Castilhopolis Farm, Mananga Road
12:00 ngoLwesithathu

OBARO KOMATIPOORT
40 Rissik St. Komatipoort,
12:00 ngoLwesithathu

GINGINDLOVU COASTAL FARMERS CO-OP
23 Commercial Road,
10:00 ngoLwesithathu

MONZI VILLAGE
Monzi South Gate **14:00 ngoLwesithathu**

SASRI MTUBATUBA EXTENSION OFFICE
House C1, Sycamore Avenue, River View, Mtubatuba **14:00 ngoLwesithathu**

EMPANGENI COASTAL FARMERS CO-OP
6 Fifth Street, Kuleka, **ngoMsombuluko , ngoLwesithathu nangolwesihlanu**

SASRI EMPANGENI EXTENSION OFFICE
Mimosa Court, 13 Turnbull Str. **10:00 ngoMsombuluko , ngoLwesibili nangolwesithathu**

STANGER COASTAL FARMERS CO-OP
6 Smithers Rd **12:00 ngoLwesithathu**

SASRI UMHLALI EXTENSION OFFICE
The Workstation, 1 Old Main Road, Umhlali,
13:00 ngoMsombuluko nango 10:30 ngoLwesithathu

SASRI MOUNT EDGECOMBE
170 Flanders Drive
ngoMsombuluko kuze kube uLwesihlanu 07:00 to 16:30

SASRI SEZELA EXTENSION OFFICE
2 Smuts Avenue, (Opposite Illovo Sugar Mill Admin Block),
14:30 ngoMsombuluko nangolwesithathu



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)



IMboni kaShukela inohlelo lokuqasha ngenhloso yokuthuthukisa intsha

Ezweni lapho amaphesenti entsha engasebenzi ebalelwa ku-47.8 okuyizinga elibalelwa kwaphezulu emhlabeni, iMboni kaShukela iyaqhubeka nokulwisana nokungasebenzi isebenzisa uhlelo lwayo olubhekelela intsha olubizwa nge- Youth Placement Programme (YEP). Loluhlelo lwaqalwa ngonyaka wezi-2018 ngenhloso yokuhlinzeka intsha ensundu ngeminyaka emibili yesipiliyoni somsebenzi, ikakhulukazi abesifazane. Inhloso yaloluhlelo ukunyusa amathuba omsebenzi entsha ensundu kuqinisekiswa ukusimama kwamabhezini abesifazane, ngokubambisana nezinye izinhloso zeMboni kaShukela ukutholela labafundi izikhala. Ngesizini yango nyaka wezi- 2019/20 u-SASA wakwazi ukutholela umsebenzi intsha eyi-104. Kwathi nge sizini yango nyaka wezi-2021/22, intsha engama-86 yatholelwa izikhala okwenza kube abafundi abayi-190 sebebonke abatholelwe izikhala zomsebenzi

ngaphansi kohlelo lwe-YEP. Abafundi asebethweswe iziqu bahola imali eyizi-R7200 ngenyanga besekuthi abanomatikuletsheni bahole izi-R4200 ngenyanga okungabafundi ababhalise eziKhungweni zeMfundo ePhakeme okumele baqedele isipiliyoni somsebenzi ngaphambi kokuthi baklonyelise ngeziqo zabo.

Izinhlango ezimbili ezizibophezele ukuqinisekisa ukuqashwa kwentsha ngaphansi kohlelo lwe-YEP i-South African Farmers Development Agency (SAFDA) ne-SA Cane Growers' Association (SACGA). Ngonyaka wezi-2019, u-SAFDA waqoka intsha eyisikhombisa ukuthi ibe yingxenywe yalolu hlelo lwabafundi, bebeqhamuka kwizifundamshini ezahlukene lapho lenhlango isebenzela ngakhona. Kulaba abayisikhombisa abaqokwa, abayisithupha bagcina ngokuqashwa ngokuphelele yiyo inhlango kwathi oyedwa wathola umsebenzi kwenye inkampani esebenzisa ulwazi lomsebenzi ayelutholiile.



Intsha etholelwe imisebenzi u-SACGA ngaphansi kohlelo lwe-YEP

U-SACGA wona wenza izinto ngendlela ehlukele ngoba benza uhlelo lokuthi labafundi baqashwe emapulazini. Inhloso yabo enkulu kwakungukutholela intsha imisebenzi, kubhekelelwa kakhulu izingane zabalimi bomoba ezingaphansi kweminyaka engama-35 ezihambelana nokudingakalayo ukuze ube yingxenywe yohlelo. Ngonyaka wezi-2018 u-SACGA wakwazi ukutholela abafundi abayishumi imisebenzi njengabaphathi abancane abaqeqeshwayo emapulazini. Uma kuphela unyaka wezi-2019, bonke labafundi babhala baqeda izifundo ngomoba kwaphela izinkontileka zabo ngoZibandlela

(December) 2020. Abaningi babo bathola imisebenzi yokuphatha imisebenzi eyahlukahlukene ngomoba KwaZulu Natali naseMpumalanga. Selokhu lwaqala loluhlelo ngonyaka wezi-2018, u-SACGA usekwazi ukutholela abafundi abangama-26 izindawo zokusebenza.

Ikomiti lakwaShukela elibhekelela ukuqaliswa kokungenelela kwezinguquko liphinde lanikezela ngezigididi ezibalelwa ku-R5.2 eminyakeni emithathu ezayo (2022-2024) ukuze kuqhubeke uhlelo lwe-YEP. Abafundi abangathanda ukuba yingxenywe yaloluhlelo bangavakashela amakhasi okuxhumana (website, LinkedIn, Facebook, Twitter, Tick Tock & Instagram) akwa-SASA, SACGA noma-SAFDA baphinde baqaphele imilayezo komakhal'ekhukhwini evela kulezinhlangano ngoba ilapho kukhangiswa khona lamathuba. Uma ufuna ulwazi oluthe xaxa, uyagqugquzelwa ukuthi ukhulume nabasebenzi bezinhlangano zabalimi okungu-SAFDA no-SACGA.



Iskhwama sezeMfundo kwiMboni kaShukela (u-SITFE) sasungulwa ngonyaka wezi-1965 njengomkhankaso weMboni ezimele futhi sibhekwa njengesinye sezikhwama esesibe khona isikhathi eside eNingizimu Afrika. Umsebenzi walesi s'khwama ukweseka, sigqagquzele futhi sikhulise imfundo eseqopheleni eliphezulu eNingizimu Afrika ezindaweni ezitshale umoba.

Kumlando waso weminyaka engama-57, sesihlinzeke abafundi abangaphezu kwezinkulungwane ezingu-10200 ngemifundaze, sanikeza usizo ngokwezimali iziKhungo zeMfundo ePhakeme saphinde sasebenzisana nezinhlangano zezemfundo ukuthuthukisa izinga lemfundo jikelele ezifundazweni ezitshale umoba okuyiKwaZulu Natali kanye neMpumalanga.

Lesi s'khwama seseka izinhlelo ezahlukahlukeni kusukela kwizinhlelo zokweseka izikole; ezosizo ngokufunda; ezokweseka isikole sonke; ezibhekelele ukukhula kwabantwana; kanye nezesikhungo sokuthuthukiswa kwemfundo.

ABAFKA ISICELO KUMELE:

Kube ukuthi sebebhalisile noma sebefakile izicelo kwiziKhungo zeSayensi, ubuNjiniyela noma eZolimo esiKhungweni seMfundo ePhakeme okungaba iNyuvesi noma iKolishi leZolimo.

Abafaka izicelo kumele baqhamuke emindenini enemali engena ngonyaka ephakathi kuka R350 000 kuya ku-R600 000 ezindaweni ezitshale umoba, lapho kutholakala izigayo kanye nengqalazinda yeMboni kaShukela.

Ingane yomsebenzi wasepulazini lomoba ingabhalisa noma ifake isicelo sokufunda nanoma ngabe yini esiKhungweni seMfundo ePhakeme. Kwingane yomsebenzi wasepulazini lomoba akubhekwa ukuthi ingakanani imali engena emndenini.

Ukukhetha kuzobhekelela kakhulu abafundi abenza unyaka wokuqala.

AMAFOMU OKUFAKA ISICELO

Amafomu okufaka isicelo atholakala kwikhasi lakwa-SITFE. Sicela uvakashele u www.sitfe.co.za ukuze uzitholele amafomu okufaka isicelo.

Thumela amafomu ngeposi kulekheli:

**Sugar Industry Trust Fund for Education
c/o South African Sugar Association
P O Box 700**

**Mount Edgecombe
4300**

noma kwi-email ethi bursaries@sasa.org.za


ABATHOLE LOMFUNDAZE PHAMBILINI

Lomfundaze obizwa ngo-SITFE ubungaze iminyaka engama-57 wasungulwa. Ukumaka lokhu singathanda ukuxhumana kabusha nabafundi asebeke bawuthola lomfundaze. Umangabe wake waxhaswa umfundaze wakwa-SITFE futhi ungathanda ukuxhumana nathi, sicela usithumelele indlela esingaxhumana ngayo nawe ufake neminingwane yalapho usebenza khona ku: Sitfe.Alumni@sasa.org.za

Uhlelo lokusiza ngezemfundo lubhekwa njengohlelo olundizisela ifulege leMboni kaShukela phezulu futhi luyindlela eyinhloko ukusiza uhulumeni ekulungiseni ukungalingani emikhakheni yesayensi, ezolimo kanye nezobunjiniyela.

U-SITFE umema abafundi asebefake izicelo nalabo asebebhalisile kunanoma isiphi isiKhungo sezeMfundo ePhakeme somphakathi eNingizimu Afrika ukuthi bafake izicelo zomfundaze wakwa-SITFE wonyaka ozayo. Ngaphezu kwalokho, abafundi abafake izicelo noma asebebhaliswe kulamakolishi ezolimo angaphansi nabo bayamenywa ukuthi bafake izicelo zomfundaze:

- Owen Sithole College of Agriculture
- Cedara College of Agriculture



**USUKU LOKUGCINA UKWAMUKELA
IZICELO:-**

**UMSOMBULUKO,
31 KUMFUMFU (OCTOBER) 2022**

ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Thulani Msondo, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Winile Shelembe, Nqobile Nxumalo & Wayne Mthembu (Umhleli)

Ilkhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September

Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za